NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2025

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
# ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ | Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi ayi-9. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

---

IEB Copyright © 2025

## ISIQEPHU A *UMHLABA OFILE* – SEBASTIAN JILI

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3 no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  – ulwazi lwendaba
  – ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
  – ukubhala inani lamagama
  – isipelingi esihle
  – ulimi oluhle

## UMBUZO 1

Funda isiqeshana esicashunwe endabeni ***Umhlaba Ofile***. Phendula imibuzo engezansi.

> "Kodwa ngeke mntase. Kumele sihlele siye kobaqalaza."
>
> "Hhayi-bo kahle Amahle! Usukhohliwe ukuthi **uyingoduso** yomuntu wena. Ufuna ukususa uthuthuva kungenasidingo. Bayazi lapho basishiya khona. Uma besidinga bayosithola khona futhi." UBongiwe ezama ukubonisa umngani wakhe u-Amahle. Kodwa kwabonakala sengathi **uthela amanzi emhlane wedada**.

[Sicashunwe ekhasini 36, isahluko 3]

1.1 Ngobani abakhulumayo esiqeshini esingenhla? (1)

1.2 Buyini ubudlelwano phakathi kwabo? (1)

1.3 Khetha impendulo efanele:

1.3.1 **Ukuthela amanzi emhlane wedada:**

A Ukwenza into enomphumela.
B Ukwenza into enganamphumela.
C Ukwenza into ejabulisayo. (1)

1.3.2 **Uyingoduso:**

A Uyintombi esizoshada.
B Uyintombi enengane.
C Uyintombi endala. (1)

1.4 U-Amahle **uyingoduso** kabani? (1)

1.5 Ungumuntu onjani u-Amahle? Sekela ngokwenzeka endabeni. (2)

IEB Copyright © 2025

1.6 Funda amazwi angezansi. Bhala impendulo ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

> Kwase kubonakala ukuthi luyavuthwa uthando lwabo impela oSolomon no-Amahle. Wagcina ebhobokile u-Amahle wamtshela ukuthi ufuna ukuphuma kulo mendo ofufusayo ngoba uzimisele ngokuba uNkosikazi Gasa.

[Sicashunwe ekhasini 56, isahluko 4]

1.6.1 Shono isizathu sika-Amahle sokufuna ukuphuma kulo mendo/ mshado. (2)

1.6.2 Bhala kafishane ngeseluleko owawungasinika u-Amahle ngalesi sinqumo sokuba uNkosikazi Gasa. (2)


1.6.3 Bhala ngesiphetho sothando luka-Amahle noSolomon. (2)

- Ulimi nohlelo (1)
- Inani (1)

**[15]**

**UMBUZO 2**

Phendula ngokubhala amagama **ayi-100** kuya **kwayi-120**.



[Isithombe sibolekwe kwi-inthanethi]

Le ndaba yenzeka endaweni **yasemakhaya** esikhathini samanje.

Sekela lokhu ngokulandelayo:

- Indlela yokuphila/yokwenza izinto yabantu baseMafakatini. (4)
- Ukuziphatha kwabalingiswa abalandelayo:
  - USolomon noJohn (3)
  - UNtuli noGasa (3)
- Ubudlelwano phakathi kwabazali nezingane. (3)

Ulimi (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[15]**


IEB Copyright © 2025

## UMBUZO 3

Phendula ngokubhala ingxoxo enamagama **ayi-130** kuya **kwayi-150**.

Emva kokuya/kokuvakashela enyangeni, uSolomon ukhuluma nentatheli uScelo.

Bhala **ingxoxo** phakathi kukaSolomon nentatheli uScelo.



[Isithombe i-AI]

| | |
|---|---|
| Ingqikithi (okusendabeni = 7 okwakho = 3) | (10) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (2) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |
| | **[15]** |

IEB Copyright © 2025

## UMBUZO 4

Bhala **i-eseyi** ezoba ngamagama ayi-**180** kuya kwangama-**200**. **I-eseyi** yakho mayibe **nezigaba**, **nesihloko**.

Emva kohambo lukaJohn noSolomon lokuya enyangeni olube yimpumelelo, isiteshi somsakazo womphakathi iMafakatini FM simeme uMnumzane Gasa ubaba kaSolomon. UGasa uzokhulumela umndeni wakwaGasa nowakwaNtuli futhi abongele oSolomon noJohn ngomsebenzi omuhle abawenzile.




[Isithombe i-AI]

**Isingeniso**
- Ukuzethula nenhloso yokuba semsakazweni. (2)

**Umzimba**
- Chazela umphakathi ngokusebenza kanzima kukaSolomon noJohn besafunda isikole baze bathole ithuba lokuya phesheya kwezilwandle. (3)
- Indima eyadlalwa ngabazali ngesikhathi uSolomon noJohn benza uphenyo namalungiselelo okuya enyangeni. (3)
- Chaza ngobunzima amadodana adlule kubo:
  - Ukungenelela kwamaphoyisa (2)
  - Abezindaba/intatheli (2)
  - Ukulimala kukaSolomon (1)
- Chaza ngohambo lwamadodana abo nangendlela amadodana ayexhumana ngayo nemindeni yawo. (3)
- Chazela abantu ngobungozi bokungenelela (*interfere*) ezinqumweni ezithathwa yizingane ngekusasa lazo kanye nemiphumela yakho. (3)

**Isiphetho**
- Ukubonga umphakathi waseMafakatini nemizwa yemindeni ngohambo olube yimpumelelo. (2)

Isihloko nezigaba (1)
Ulimi (2)
Inani nokulibhala (1)
**[25]**

**Amamaki angama-70**

## ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - Isakhiwo esifanele
  - Ithoni nerejista efanele
  - Ulimi oluhle
  - Isipelingi esihle
  - Ingqikithi enhle
  - Ikhono lokuziqambela
  - Ukubhala inani lamagama

## UMBUZO 5

Phendula **uMbuzo 5.1** NOMA **uMbuzo 5.2**. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

### 5.1 INKULUMO

Abazali bezingane ezifunda ibanga le-11 abanalo ulwazi olwanele ngokulindeleke kubona ngonyaka ozayo. Esikoleni sakho uceliwe ukuba wethule inkulumo emhlanganweni wabazali wokulungiselela ibanga le-12.

Bhala **inkulumo** ozoyethula kubazali ukubasiza balungiselele (*prepare*) izingane zabo ezizofunda umatikuletsheni ngonyaka ka-2026.



[Isithombe sibolekwe kwi-inthanethi]

**Inkulumo** yakho mayifake okulandelayo nokunye.

- Ukubaluleka kwebanga le-12 empilweni yomfundi nakubazali. (2)
- Izikhundla zobuholi nezamaqembu, nokubaluleka kwazo. (2)
- Ukumelana nengcindezi yonyaka webanga le-12. (2)
- Ukunakekela umzimba wakho. (2)
- Nokunye. (2)


Ulimi (2)
Isakhiwo (7)
Inani nokulibhala (1)
**[20]**

IEB Copyright © 2025

**NOMA**

## 5.2 AMAMINITHI OMHLANGANO

Abafundi esikoleni sakho banezinkinga nge-*Tuck shop*. Nibe nomhlangano namalunga wonke e-SRC. Bhala **amaminithi** omhlangano ngakho konke okwakukhulunywa ngakho emhlanganweni weSRC mayelana ne-*Tuck shop*.



[Isithombe i-AI]

**Amaminithi** akho mawafake okulandelayo nokunye.

- Isikhathi sokuvula nokuvala. (2)
- Ukudayisa ngezimpelasonto nangamaholidi. (2)
- Amanani okudla. (2)
- Ukudla okuhlukahlukene (*variety*). (2)
- Nokunye. (2)

Ulimi (2)
Isakhiwo (7)
Inani nokulibhala (1)
**[20]**

## UMBUZO 6

Phendula **uMbuzo 6.1** NOMA **uMbuzo 6.2**. Bhala amagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

### 6.1 IBHULOSHA

Abazali bakho bavule isitolo sokudla endaweni entsha. Bakucele ukuba wenze **ibhulosha** (*Brochure*) ukukhangisa isitolo.



[Isithombe i-AI]

**Ibhulosha** yakho ifake okulandelayo nokunye.

- Imininingwane ephelele yesitolo. (2)
- Ukudla okuvelele okudayiswa esitolo. (2)
- Nokunye. (2)

Ulimi (1)
Isakhiwo (2)
Inani nokulibhala (1)
**[10]**

**NOMA**

## 6.2 IKHADI LOKUBONGA

Emcimbini wokuklomelisa abafundi (*Prize Giving*), wathola imiklomelo eminingi ezifundweni zakho. Waphuma phambili esifundweni sesiZulu, lokhu kwakujabulisa kakhulu. Bhalela uthisha wakho wesiZulu **ikhadi lokubonga** konke okuhle akwenzele khona.



[Isithombe sibolekwe kwi-inthanethi]

**Ikhadi l**akho lifake okulandelayo nokunye.

- Izizathu zokuthumela ikhadi lokubonga. (1)
- Chaza okwenza nisondelane nothisha wakho. (1)
- Indima edlalwe nguthisha wakho empilweni yakho. (2)
- Nokunye. (2)

Ulimi (1)
Isakhiwo (2)
Inani lamagama nokulibhala. (1)
**[10]**

**Amamaki angama-30**

**Amamaki esewonke: 100**

IEB Copyright © 2025